Downloaded from Stanmorephysics.com

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa | (25) |
| ISIQEPHU B: Ukufingqa | (15) |
| ISIQEPHU C: Uhlelo nokusetshenziswa kolimi | (30) |

2. Fundisisa **YONKE** imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula **YONKE** imibuzo ekuleli phepha.

4. Qalisa isiqephu **NGASINYE** ekhasini **ELISHA**.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zibhalwe ephepheni.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakheka kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

**ISIQEPHU A:** **IMIZUZU ENGAMA-50** **ISIQEPHU B:** **IMIZUZU ENGAMA-30**
**ISIQEPHU C:** **IMIZUZU ENGAMA-40**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 1**

1.1 Fundisisa **UMBHALO A** ubuye ubukisise **NOMBHALO B** ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**UMNOTHO WEZWE LAKITHI**

Ukuthuthuka komnotho wezwe kuyinto efiswa uwonkewonke. Ngisho osopolitiki banganukana amakhwapha ephalamende kepha bonke bafisa umnotho wezwe udlondlobale. Phela lokhu kungenza izwe lakithi libe ngamanye angagcini ngokuhlonipheka e-Afrika kepha nasemhlabeni wonke jikelele. Izwe elicebile liba intandokazi ikakhulukazi kubatshalizimali. Phela bayazi ukuthi uma bevula amabhizinisi kulelo lizwe imali yabo ayizokumuka nomfula. Yize sifisa sinjalo kepha singekushaye indiva ukuthi akulula neze ukuqinisa umnotho wezwe lase-Afrika.

Ukuqinisa umnotho wezwe lakithi kuncike kakhulu emnyangweni wezokuvakasha. Lo mnyango ubamba iqhaza elikhulu ekuthuthukiseni umnotho. Angithi phela kusuka abantu basemazweni acebile ambandakanya iChina, iMelika, iSaudi Arabia, iRussia, iFrance namanye amaningi bezovakasha kuleli lizwe. Ukufika kwabo kukhulisa umnotho kwazise bafika nemali enesisindo esedlula eserandi. Yonke le mali bayibhubhudla lapha kwelengabade bevakashela izindawo zokungcebeleka ongabala kuzo iTable Mountain, Kruger National Park, Robben Island kanye nolwandle olufudumele lwakuleli.

Umnyango wezamabhizinisi nawo unesandla esijulile ekuthuthukiseni umnotho. Angithi phela amabhizinisi yiwo aqasha aphinde aholele abantu. Awagcini lapho aphinde akhokhe nentela engena esikhwameni sokuthuthukisa izwe. Empeleni ngaphandle kwamabhizinisi **kungama nse** ukuhweba nokuhwebelana. Lokho-ke kungasho ukuwa bhu kwezwe lakithi. Kunjalo nje bonke abantu bangabulawa indlala. Angithi nokudla kuyatshalwa bese kuyathengiswa. Uthini ngamabhizinisi athinta amalahle, insimbi, izimpahla zokwakha njalonjalo. Uma kungawa lamabhizinisi kungacima ugesi, kume ukwakhiwa kwezimoto, ujantshi wezitimela, nengqalasizinda.

**Ezokuthutha nazo zifaka izindimbane zamarandi emnothweni wezwe lakithi.** Angithi phela izimoto ziyadayiswa zithengwe ngemali. Amatekisi ayathengwa bese kukhokhiswa abagibeli uma bewagibela. Singabala izitimela, amabhasi, imikhumbi, izindiza nokunye okuningi okuthinta ezokuthutha. Esikhathini sanamuhla ezokuthutha zidingeka mihla namalanga. Uma uqala ugulelwa isihlobo sakho into yokuqala oyicabangayo ukubiza iambulensi ezosiphuthumisa esibhedlela. Kanjalo noma uhlaselwa izinswelaboya ucabanga ukushayela amaphoyisa aphuthume ngeveni azokulekelela. Lokhu kukubeka ngokusobala ukuthi ngaphandle kwezokuthutha umnotho nenhlalakahle yabantu ingaba sobishini.

Umnyango wezempilo ungeminye yeminyango edlala enkulu indima ekukhuliseni umnotho wezwe. Khumbula phela sonke sidinga ukuba imiqemane ukuze sivuke siye emsebenzini enhlobonhlobo. Ngaphandle kwempilo enhle akusebenzeki. Ngakho-ke nawo lo mnyango uyawuthuthukisa umnotho wezwe. Kunezindimbane zabantu abangena ezibhedlela mihla namalanga. Emva kwesikhashana bayaphuma babuyele emisebenzini bayozamela

Downloaded from Stanmorephysics.com

abantwana. Lokhu kusho ukuthi ngaphandle kwezempilo bangaphangalala ngokushesha bese uwa bhu umnotho wezwe.

Ukuze kukhule umnotho wezwe kumele abantu basebenze. Ezweni esiphila kulo bancane kakhulu abantu abanenhlanhla yokwenza imisebenzi eholela kahle bengenazo iziqu zasezikhungweni zemfundo ephakeme. Kuleli lizwe imfundo ithathwa njengesikhali sokulwa nomnotho ontengayo. Umnyango wezemfundo ubamba elikhulu iqhaza ekufundiseni abantwana abasakhulayo ukuze ngelinye ilanga basebenze imisebenzi esezingeni elingcono bese befaka isandla ekukhuliseni umnotho wezwe. Esikhathini sanamuhla sekunanezinhlaka ezifundisa ngisho abantu asebekhulile ukuze bangene emabhizinisini anhlobonhlobo. Lokhu kukugqamisa ngokusobala ukuthi ngale kwemfundo akunamnotho oyokhula kwelikaMthaniya.

Singabala sibalile kepha iqiniso lithi noma into iyinhle kepha isandla semfene sivele siyimoshe kalula. Lokhu kubhekiswe kwinkohlakalo eyenziwa idlanzana labasebuholini bezwe lakithi. Ithi ingakhiwa imali yokuthuthukisa umnotho bona babe beba ngogombela kwesabo. Umbuzo-ke uthi uma lo mnotho uwa ngenxa yabo, bona bazophila kuphi? Impendulo yaziwa yibo kepha lokhu abakwenzayo kukhombisa ukungalithandi neze izwe labo.

**(Umbhalo wokuziqambela)**

**IMIBUZO:**

1.1.1 Yini le efiswa uwonkewonke ngokwalesi siqeshana? (1)

1.1.2 Yini eyenza osopolitiki bafise umnotho wezwe udlondlobale ngokwalesi siqeshana? (2)

1.1.3 Ukufika kwabantu abaqhamuka emazweni acebile kusiza ngani ekukhuliseni umnotho wezwe laseNingizimu Afrika? (2)

1.1.4 Shono okungenani eminye iminyango EMITHATHU engabalwanga esiqeshaneni ocabanga ukuthi ibamba iqhaza ekuthuthukiseni umnotho wezwe lakithi. (3)

1.1.5 Shono okuqondwe umbhali ngamagama abhalwe ngokugqamile atholakala esigabeni sesithathu. Bhala uhlamvu oluqondene nempendulo enembayo kwezingezansi. Isib. 1.1.5 E.

Ukuma nse kusho … (1)

A. Ukwenzeka kwento ngesivinini.
B. Ukwenzeka kwento kancane kancane.
C. Ukuma kwento ingabe isenzeka.
D. Ukuma kwento isikhashana iphinde iqhubeke.

1.1.6 Shono okuqondwe umbhali emshweni obhalwe ngokugqamile esigabeni sesine. (2)

1.1.7 Ngokucabanga kwakho ikuphi okungenziwa ukulwisana nenkohlakalo eyenziwa osopolitiki edicilela phansi umnotho wezwe lakithi. (2)

1.1.8 Uyavumelana noma uyaphikisana nombhali uma ethi okwenziwa osopolitiki abakhohlakele kuwukungalithandi izwe labo? Sekela impendulo yakho. (2)

**[15]**

**1.2 UMBHALO B (OBUKWAYO)**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISITHOMBE A**



**ISITHOMBE B**








**ISITHOMBE C** **ISITHOMBE D**

1.2.1 Shono okubonayo kwisithombe A. (2)

1.2.2 Qhathanisa okubonayo kwisithombe C nokukhulunywa ngakho esigabeni sesine sombhalo ofundwayo. (2)

1.2.3 Shono ukuthi okuvezwe esithombeni D kwelekelela kanjani ekukhuliseni umnotho wezwe. Impendulo yakho mayibhekiswe kofunde ngakho esigabeni sesihlanu sombhalo ofundwayo. (2)

1.2.4 Fundisisa isigaba sesi-7 sombhalo obukwayo bese usho ukuthi ngokucabanga kwakho kubangelwa yini okwenzeka esithombeni B. (2)

1.2.5 Ngokucabanga kwakho yisiphi isigwebo esifanele umlisa oboshwayo esithombeni B? Sekela impendulo yakho. (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: [25]**

Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO**

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nokungenziwa ukulwisana nodlame olwenzeka ezikoleni usebenzise amagama akho angeqile kwangama-70.
2. Fingqa ngesigaba.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**UMBHALO C (OFUNDWAYO)**

**OKUNGENZIWA UKULWISANA NODLAME OLWENZEKA EZIKOLENI**

Udlame olwenzeka ezikoleni zakuleli selwenza kube nzima kubazali ukudedela izingane zabo ukuba ziye ezikoleni. Uthi umphelezela umntwana ekuseni usuke ungazi noma uyobuya ephephile yini. Phela kule mihla sekwaba khona izimpisi ezigqoke isikhumba semvu ezikoleni. Emakhaya ziphenduka izimvu bese ezikoleni zibhonga kuhle kwamabhubesi. Ayiqiniswe yonke imithetho elawula izikole ukuze abantwana bezohamba ngendlela eqondile. Lokhu kungasiza ekutheni zisheshe zikhonjwe indlela izidlamlilo kusale abafundi abazimisele.

Yaphelelaphi imini yezikhathi zethu lapho abafundi babemazisa uthisha? Abanamuhla sebegwavumela ngisho naye uqobo lwakhe. Angithi phela bayazi ukuthi nonogada abagada isikole bahlala le esangweni. Ngisho engahlaselwa uthisha bangafika sekonakele. Kumele bandiswe impela onogada ukuqinisekisa ukuthi babona konke okwenzekayo esikoleni. Ngisho nothisha imbala bangafundisa ngokuzethemba bephephile.

Abanye abantwana baphenduka izidlamlilo nje ingoba nasemakubo bahlala emndenini yezidlamlilo. Uyaye uthole ukuthi umama uhehebeza ubaba mihla namalanga. Kokunye ubaba ubhonya umama njalo uma ephuzile. Lokhu kubukeka kuyinjwayelo kumntwana aze akwenze nakwabanye ngaphandle kokubona ububi. Ngakho-ke zonke izikole kumele zibe nosonhlalakahle abazosebenza ukulalela baphinde baluleke abafundi abahlala nezidlamlilo.

Umabonakude muhle impela kepha uyawulutha uwone umqondo womntwana. Uthini nje ngomntwana ozobona umlingisi odumile efilimini ehlukumeza abesifazane. Kuba lula ukuthi naye asike iphethini enze ngoba kwenziwa iqhawe lakhe. Abazali kumele baqikelele ukuthi abantwana ababuki amafilimi abukwa abantu abangaphezu kweminyaka yabo. Kunalokho abantwana abachithe isikhathi ngokucula ekhwayeni yesikole ukuze bagweme ukuba izidlamlilo.

Okunye okwenza abantwana baphenduke izidlamlilo ezikoleni ingenxa yokunganakwa kwamakhono abo anhlobonhlobo. Omunye uke uthole ukuthi uyinsephe kwibhola lombhoxo, kepha ngenxa yokuthi isikole asiziqhakambisi ezemidlalo agcine esechitha isikhathi ngendlela engalungile. Izikole kumele zibe nezinhlelo zokulekelela abantwana ekutheni baveze amakhono abo. Lokhu kungasiza ekutheni basebenzise ikhono elihle nelincomekayo kunelo dlame. Izikole zingekwenze ngempumelelo lokhu zizodwa. Ngakho-ke nosomabhizinisi kumele bafake isandla ekuthuthukiseni ezemidlalo ezikoleni ukuze kuphele udlame kusale injabulo. Kubukeka kunzima kona, kepha ngokubambisana singaphumelela ekushabalaliseni udlame ezikoleni zakuleli.

**(Umbhalo wokuziqambela)**

**ISIQEPHU C: UKUSETSHENZISWA KOLIMI**

**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Downloaded from Stanmorephysics.com

Fundisisa lesi sikhangisi esilandelayo (**umbhalo ofundwayo nobukwayo**) bese uphendula imibuzo elandelayo.

## UMBHALO D (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)




3.1 Yini ekhangiswayo kulesi sikhangisi esingenhla? (2)

3.2 Ngakube lesi sikhangisi siqondiswe kobani? (2)

3.3 Shono inhloso yomkhangisi yokusebenzisa izithombe zezimpahla zokwakha kulesi sikhangisi. (2)

3.4 Ucabanga ukuthi kungani umkhangisi efake imininingwane yezokuxhumana embandakanya ikheli, inombolo yocingo ne-imeyili? (2)

**[8]**

## UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Fundisisa uphinde ubukisise ikhathuni elandelayo (**umbhalo ofundwayo nobukwayo**) bese uphendula imibuzo elandelayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




4.1 Shono okubonayo kule khathuni. (1)

4.2 Ucabanga ukuthi u-Ankeli wenza msebenzi muni? Sekela impendulo yakho. (2)

4.3 Shono okubili okukhombisa ukuthi u-Ankeli uthukile. (2)

4.4 Ucabanga ukuthi izophetha kahle noma kabi ingxoxo ka-Ankeli nowesifazane ame naye kule khathuni? Sekela impendulo yakho. (2)

**[7]**

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**

Fundisisa lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

**UMSHADO WESINTU**

Umshado wesintu okanye umchanguzo wehluke kakhulu kowesilungu. Unjalo nje futhi **umba eqolo.** Phela kulo mshado kuhlatshwa izinkomo nezimbuzi. Enye inkomo iphuma kamakoti bese enye iphuma kamkhwenyana. Inkomo eqhamuka kamakoti kusuke kungeyokukhipha **umakoti** kubo. Inkomo ephuma kamkhwenyana eyokumamukela **emzini.** Kuphinde kube nezinhlangothi ezimbili ezisuke zisina, zicula **amaculo** omshado maqede agiye umkhwenyana bese ewa ngedolo umakoti **amthobele.** Uhlangothi lwakamkhwenyana lubizwa **ngomthimba** kanti elakamakoti lubizwa ngekhetho.

Lolu hlobo lo mshado luthatha isikhathi eside ukuhlelwa **kwazise luyadla ephaketheni.** Yingakho abanye begcina ngomshado wesilungu. Okuyaye kube nzima-ke ukuthi lo mshado bayawukhalela abaphansi kwazise yiwo owamukelekile kubo futhi iwona **abashona** bewazi. Ngakho-ke kubalulekile ukugcina ngemfashini uqale ngosiko ukuze zikukhanyisele izindlela zakho **izinyandezulu** zakini.

**(Umbhalo wokuziqambela)**

5.1 Tomula ibizo elilodwa elitholakala emshweni wokuqala. (1)
5.2 Umshado wesintu ubuye waziwe ngaliphi igama? (1)
5.3 Shono amagama amqondofana nalawa alandelayo.
5.3.1 Amaculo (1)
5.3.2 Amthobele (1)
5.3.3 Emzini (1)
5.4 Shono amagama amqondophika/aphikisana nalawa alandelayo.
5.4.1 Umakoti (1)
5.4.2 Umthimba (1)
5.4.3 Abashona (1)
5.5 Chaza lezi zimo zokukhuluma ezilandelayo.
5.5.1 Ukumba eqolo. (2)
5.5.2 Ukudla ephaketheni (2)
5.6 Akha imisho emibili eveza imiqondo eyehlukile ngalamagama alandelayo.
5.6.1 Ukukhanyisa (2)
5.6.2 Ukushona (2)
5.7 Nikeza incazelo yalamagama alandelayo.
5.7.1 Umchanguzo (1)
5.7.2 Izinyandezulu (1)
5.8 Akha umusho ombaxa ngale misho elandelayo. (2)
(i) Inkomo ephuma kamakoti kusuke kungeyokwamukela umakoti kubo.
(ii) Inkomo ephuma kamkhwenyana eyokumamukela emzini.

**[20]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: [35]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [70]**

Stanmorephysics.com

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA IPHEPHA LIKANDASA 2024**

**IBANGA: 9H**

**UMBUZO 1**

1.1.1 Ukuthuthuka komnotho. √

1.1.2 Ukuze izwe lakithi libe ngamanye amazwe angagcini ngokuhlonishwa e-Afrika kepha nasemhlabeni wonke jikelele. √√

1.1.3 Kukhulisa umnotho kwazise bafika nemali enesisindo esedlula eserandi. √√

1.1.4 (i) Umnyango wezemidlalo√

(ii) Umnyango wezobuciko namasiko. √

(ii) Umnyango wezohwebo √

(Neminye iminyango kahulumeni ethintekayo)

1.1.5 C/Ukuma kwento ingabe isenzeka. √

1.1.6 Umbhali uqonde ukuthi kunemali eningi elethwa umnyango wezokuthutha emnothweni wezwe. √√

1.1.7 Kumele umvikeli womphakathi asebenzisane namaphoyisa ukubamba nokuphenya amacala abakhwabanini ngokushesha bese bethola isigwebo esiqinile. √√ (Nezinye izimpendulo ezinembayo).

1.1.8 Ngiyavumelana, ngoba uma into uyithanda uzama ngokusemandleni ukuyivikela, ukuyigcina nokuyithuthukisa kunokuthi uyicekele phansi. √√

OKANYE

Ngiyaphikisana, ngoba noma ungenza kahle kanjani uma ungusopolitiki uma kuphela isikhathi sakhosokuhola ungakhishwa kujike kukhohleke konke okwenzele umphakathi, ngakho-ke kuhle wenze okusemandleni ukuzicebisa kulesi sikhashana osuke usinikiwe. √√

(Nezinye izimpendulo ezinembayo).

1.2

1.2.1 Ngibona abantu abaphethe izikhwama zokuvakasha eduze kolwandle ababukeka bengabavakashi. √√

1.2.2 Esigabeni sesine sombhalo ofundwayo kukhulunywa ngeqhaza elibanjwa ezokuthutha eNingizimu Afrika, kanti nakwisithombe C sibona ezokuthutha ezahlukahlukene ezimbandakanya ibhanoyi, iloli nomkhumbi. √√

1.2.3 Esithombeni D sibona udokotela nesiguli okumbandakanya umnyango wezempilo. Umnyango wezempilo ulekelela ekwelashweni iziguli ukuze zibuyele emsebenzini seziluleme. √√

1.2.4 Kubangelwa ukuthi lo mlisa oboshwayo ukhwabanise imali kahulumeni wabe esebanjwa amaphoyisa uzothweswa amacala enkohlakalo.√√

1.2.5 Udilikajele, khona nabanye bezofunda isifundo ngaye bahlukane nokukhwabanisa. √√

**[25]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

***ISIQEPHU B***

***UMBUZO 2-UKUFINGQA***

| ***AMAPHUZU ACASHUNIWE*** | ***AMAPHUZU AHUNYUSHIWE*** |
|---|---|
| *1. Ayiqiniswe yonke imithetho elawula izikole ukuze abantwana bezohamba ngendlela eqondile.* | ***A. Akuqiniswe imithetho ezikoleni khona abantwana bezolawuleka.*** |
| *2. Kumele bandiswe impela onogada ukuqinisekisa ukuthi babona konke okwenzekayo esikoleni.* | ***B. Akwengezwe abaqaphi khona bezobona konke okwenzekayo esikoleni.*** |
| *3. Zonke izikole kumele zibe nosonhlalakahle abazosebenza ukulalela baphinde baluleke abafundi abahlala nezidlamlilo.* | ***C. Akuqashwe osonhlalakahle abazoluleka abafundi abahlala nezixhwanguxhwangu.*** |
| *4. Abazali kumele baqikelele ukuthi abantwana ababuki amafilimi abukwa abantu abangaphezu kweminyaka yabo.* | ***D. Abazali abavimbe izingane ekubukeni amafilimu abantu abadala.*** |
| *5. Abantwana abachithe isikhathi ngokucula ekhwayeni yesikole ukuze bagweme ukuba izidlamlilo.* | ***E. Izingane azihlabelele ekhwayeni yesikole ukuze zingabi izixhwanguxhwangu.*** |
| *6. Izikole kumele zibe nezinhlelo zokulekelela abantwana ekutheni baveze amakhono abo.* | ***F. Izikole azibe nohlelo lokuvundulula amakhono abafundi.*** |
| *7. Osomabhizinisi kumele bafake isandla ekuthuthukiseni ezemidlalo ezikoleni ukuze kuphele udlame kusale injabulo.* | ***G. Osomabhizinisi abalekelele ekuxhaseni ezemidlalo ezikoleni ukuqeda udlame kusale intokozo.*** |

***UKUFINGQA NGESIGABA***

*Akuqiniswe imithetho ezikoleni khona abantwana bezolawuleka. Akwengezwe abaqaphi khona bezobona konke okwenzekayo esikoleni. Akuqashwe osonhlalakahle abazoluleka abafundi abahlala nezixhwanguxhwangu. Abazali abavimbe izingane ekubukeni amafilimu abantu abadala. Izingane azihlabelele ekhwayeni yesikole ukuze zingabi izixhwanguxhwangu. Izikole azibe nohlelo lokuvundulula amakhono abafundi. Osomabhizinisi abalekelele ekuxhaseni ezemidlalo ezikoleni ukuqeda udlame kusale intokozo.*

*Inani lamagama: [48]*

***[10]***

***ISIQEPHU C UMBUZO 3-ISIKHANGISI***

*3.1 Isitolo esidayisa izimpahla zokwakhwa esibizwa ngeJabula Hardware. √√*

Downloaded from Stanmorephysics.com

*3.2 Kuwo wonke umuntu ofisa ukwakha indlu/ingqalasizinda. √√*

*3.3 Inhloso ukuvezela abathengi ezinye zezimpahla ezithengiswa eJabula Hardware kanye namanani azo. √√*

*3.4 Umkhangisi wenzela ukuthi kube lula kubathengi ukuxhumana neJabula Hardware uma befuna ukuthola ulwazi olwengeziwe ngenkampani ekhangiswayo. √√*

***[8]***

***UMBUZO 4-IKHATHUNI***

*4.1 Ngibona u-Ankeli exoxa nowesifazane angasazimisele ngokuqhubeka nokuxoxisana naye ngoba engowaseMlaza. √*

*4.2 Ungumshayeli wetekisi, ngoba enkulumweni yakhe uvela ethi kowesifazane axoxa naye angaze abulale itekisi likabasi. √√*

*4.3 Uvule kakhulu umlomo, uvule kakhulu amehlo, uchaya izandla, nenkulumo yakhe ikhombisa ukwethuka ngenxa yokuthi lo wesifazane axoxisana naye ungowaseMlaza. √√ (Okukodwa kwalokhu okubaliwe).*

*4.4 Izophetha kahle, lo wesifazane oxoxa no-Ankeli angase amachazele ukuthi abaesifazane baseMlaza abafani ngezenzo ngakho-ke yena akazenzi zonke lezi zinto ezimbi ezibalwe u-Ankeli. √√*

*OKANYE*

*Izophetha kabi ngoba u-Ankeli wehlulela owesifazane ngendawo ahlala kuyo, ngakho-ke lokho ngeke kumphathe kahle. √√*

***[7]***

***UMBUZO 5-IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI***

*5.1 Umshado/umchanguzo. √*

*5.2 Umchanguzo √*

*5.3.1 Izingoma/izihlabelelo√*

*5.3.2 Amkhothamele√*

*5.3.3 Ekhaya√*

*5.4.1 Umkhwenyana√*

*5.4.2 Ikhetho√*

*5.4.3 Abaphilayo√*

*5.5.1 Ukubiza kakhulu. √√*

*5.5.2 Ukubiza kakhulu. √√*

Downloaded from Stanmorephysics.com

*5.6.1 (i) Kuyasiza ukukhanyisa ithoshi ebusuku ukuze ukwazi ukubona ebumnyameni. √*
*(ii) Kubalulekile ukukhanyisa ngemali emhlophe uma usenyangeni ukuze abantu abadala bezokuxazulela inkinga oze ngayo. √*

*(iii) Ukuhlabela amadlozi kwenziwelwa ukuba akusize ukukhanyisa izindlela zakho. √*

*(Imisho emibili eveza eminye yemiqondo engenhla ifanelwe ukuklonyeliswa).*

*5.6.2 (i) Ukushona kukamama kwasishiya nosizi ekhaya. √*

*(ii) Ukushona komgodi wasezimayini kujule kakhulu. √*

*(iii) Ukushona kwelanga ngoMgqibelo kusho ukuphela kweSabatha kumaNazaretha. √*

*(Imisho emibili eveza eminye yemiqondo engenhla ifanelwe ukuklonyeliswa).*

*5.7.1 Umshado wesintu. √*

*5.7.2 Amadlozi √*

*5.8 Inkomo ephuma kamakoti kusuke kungeyokwamukela umakoti kubo* ***kanti*** *ephuma kamkhwenyana eyokumamukela emzini. √√*

***[20]***

**AMAMAKI ESIQEPHU C:[35]**

**AMAMAKI ESEWONKE: [70]**